*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*USindiwe kanye nawokhanyikhanyi*
Illustrated by Jano Strydom
Written by Cheréne Pienaar
Designed by Tess Gadd
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

ISBN: 978-1-928318-84-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Ngelinye ilanga kwazalwa umntwana ohlakaniphe kakhulu eGungululu, eMpumalanga Kapa. Igama lakhe kwakunguSindiwe Magona.

Wayeyizibulo elanywa yizingane eziyisishiyagalombili.

sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 6 2017/10/13 2:36 PM

Ebusuku, ugogo wakhe wayexoxa izinganekwane ezihlabahlosile ezimayelana namazimuzimu nemidondoshiya yeziqhwaga, izilwane zasemahlathini, izinunu ezinkulu, kanye nezilwane ezincane zasendle.

Kwakuyisikhathi esithandwa kakhulu nguSindiwe lesi.

USindiwe wayesithanda isikole, kanti
iphupho lakhe kwakungukuba uthisha.



sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 10 2017/10/13 2:36 PM

Lapho uSindiwe eseba yijongosi, umndeni wakhe wahlela umcimbi wokugubha lokhu.

Wanikwa izinto ezikhethekile azozigqoka kwathi ikhehla elihlakaniphile lamhayela izibongo.

Ubusiseke, unwele olude!
Sengathi ungabhekwa ngababaphansi bakini!

sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 12 2017/10/13 2:36 PM

USindiwe waqeqeshelwa ukuba uthisha. Wathokoza kakhulu ukuyofundisa esikoleni sakhe sokuqala.

Kodwa kwakungekho madeski ezingane noma izincwadi ezizobhalela kuzo. Lokhu kwenza ukuthi uSindiwe esabe kakhulu.

Wayezoba uthisha omuhle kanjani uma izingane zingenazo izindawo zokuhlala noma zokubhalela?



Wayeka esikoleni wayokwenza umsebenzi wokuhlanza izindlu.

Wayesebenza ezindlini ezine ezahlukene. Abantu balapho babeke bamhlukumeze, into eyenza ukuthi uSindiwe aphatheke kabi kakhulu.



sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 16 2017/10/13 2:37 PM

USindiwe wayefunda ngaso sonke lesi sikhathi.

Ukusebenza kwakhe kanzima kwathela izithelo! Wathola umfundaze okhokhela zonke izindleko wokuthi ayofunda eNyuvesi yaseNew York. Yena kanye nezingane zakhe ezincane ezintathu bapakisha izikhwama zabo bawela izilwandle ngendiza baya eMelika.



Lapho-ke uSindiwe wafundela
ukuba usonhlalakahle.
Wayefuna ukusiza imindeni
ukuthi yenze izimpilo zayo
zibe ngcono.

Lapho eseqedile ukufunda, wasebenza eMelika iminyaka engamashumi amabili.

Ngesikhathi elapho, uSindiwe watshela umhlaba ngeNingizimu Afrika, nokuthi impilo yayinzima kangakanani kubantu abaningi ababehlala khona.

sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 22 2017/10/13 2:37 PM

Zakhe, futhi babefuna ukufunda okuningana ngabantu baseNingizimu Afrika.

Bonke abantu bayahlanganyela ukuze basize ukuguqula izinto eNingizimu Afrika.

sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 24 2017/10/13 2:38 PM

Kodwa uSindiwe
wayelikhumbula izwe
ayezalelwe kulo.

Wayefuna ukuzixoxela abantu
basekhaya izindaba zakhe.
Ngakho-ke wapakisha izimpahla
zakhe, wangena endizeni wase
endiza ewela ulwandle
waya eKapa.



Uthando lukaSindiwe lwezincwadi kanye nezindaba selumsizile ukuthi abhale izinqwaba ngezinqwaba zezincwadi. Futhi izingane kanye nabantu abadala bayathanda ukufunda izindaba zakhe.

Abantu abaningi bathanda ukumbiza ngokuthi “uNomabali” (uNozindaba) ngenxa yokuthi uhlale ebhala, exoxa futhi efunda izindaba.

sindiwe-and-the-fireflies_interior.indd 28 2017/10/13 2:38 PM

